A 11

n.d.

# UTINI U CONGRESS ?

(Ngu A.W.G.Champion
uMongameli wake. )

Ngoba ngiyakuhlonipa Mhleli ngitanda ukukupendula emibuzwemi yako lapo uti uCongress neNdhlela. Nalapo uti nibheke uCongress ukuba akombe indhlela. Miningi imibuzo oyibekile ufike endabeni yokubingelela uKingi kanye neyamaNdiya. Zombili lezi izindaba zinkulu kazilulana. Ngifuna ukuveza umqondo wami mina engipete ngawo nama iyipi inhlangano enginguMholi wayo. Uma kuvela udaba olukulu oludinga amandhla eningi ngiqale ngiqalaze amabuto ami enginawo. Uma anele ngiwapake silwe nempi leyo. Uma ngibona ukuti ngaba ngicita igazi leze ngitule ngilale pansi. Noma kuvela izita zingifaka umunwe esweni ziti ngiyigwala ngizitulele nje.

Uma sifuna imali kuMlungu tina amalungu aleyonhlangano singezwani sonke, bayavela abatile bati masidube umsebenzi. Kodwa uMholi onengqondo abatshene ati nidhlala ngamandhla enu. Abatshene esita kuti noma kuvela amashoshozela ebanga amawala omsindo epepeni ngitule ngoba ukupendulalala nabo epepeni kusiza izita.

Maqondana nokubingelela iNdhlunkulu, bonke labo ababeshiseka nase Bloemfontein kwakuyidhlanzana elitunywe zimali okungezona ezika Congress. Mina njengoMholi wabo ngabatshena ngati lenkulumo yamawala, nibangela uCongress amazwi ezita ngoba asikabi nawo lawo mandhla. Ngaze ngasho njalo noma kutiwa asipume sale ukuketelwa i Native Represantative Council. Ngati konke loku nenza amawala. Ninika ituba ukuba kungene labo abazozwana noHulumeni.

Isinyatelo sokuqala sabantu abatanda inhlangano yabo ukuba babale amalungu abo ukuti angakanani. Babale imali yabo ukuti ingakanani beseke belikipa izwi labo abalitandayo. Bangazenzi inhlekiso pambi kwezita. Noma iyipi i resolution ekishwa zitunywa ezihamba ngemali okungeyona eyamalungu ka Congress mina ngeke nginake luto. Esikubona lapa kufumfusa sekuyasebenza eGoli. Lapa eTekwini sekukona iviywana lababafana abafana no Wilson Cele, Herbert Dhlomo, Simon Hlatywayo, Columbus Mbonambi Gladman Nxumalo elihlangene namaNdiya lilwa nokutola izikundhla ku Congress. Benza yonke imizamo ukufaka umoya omubi. NaseGoli baningi kakulu. Uma ungabala amadelegate akona maningi kakulu kodwa kasuki emagantsheni. Banemali eningi yabo yokuhamba behla benyuka. Sebangena ku Congress kodwa abanabo abalandeli abangabantu njengoba nalapa eNatal bafana nezipoxi njena.

Umuntu ofana nami Mhleli angeke azikataze ngokukulunywa yibo ngoba ngisho lapa eTekwini basehlulwa uMr.A.N.Ntuli uMholi wegantsha nawo onke amawala abo okulwa naye. Singabe sona amasu atu Mhleli uma singayengwa zinkulumo zabo. Nawe ngikunxusa ukuba ungangenwa umoya wabo. Indhlela yamaNgisi yokulwa impi iti: "Do'nt talk about Ships" Ungasikipi isifuba sako eziteni. Indhlela yase Russia iti "Shout before you are out of the bush" Memeza usepakati ehlatini uti nako tina siyeza. Uma sekufike lesosikati sokuba uCongress aholwe oWilson Cele no Herbert Dhlomo & Co., mina ngeke ngibe nawo umhawu. Ngobanika amatomu onke, basebenze ngalawo masu abo. Okwanamuhla mina ngiti abancenge kahle abantu babavotele. Bangalingisi Umntwana u Mshiyeni oti azi njena ukuti akuyena onamandhla okungikipa ebuholini bami abhale inhlekiso emapepeni ati angimfuni uChampion. Ningamvoteli asho azi ukuti nango 1942 izwe lonke langivotela eshilo ukuti kangifuni. Ubututa lobo.

/ Naku Congress

A11



Naku Congress iConference eyenza izinqumo ezilukuni yazi kamhlope ukuti abako abantu abanokuyisekela kuloko abasemakaya, ubututa lobo. Ngiyamdabukela u Dr.A.B.Xuma ngoba yena ubuHoli ubunikwa yi Conference yalabo abangenabo abalandeli. Mina obami ubuHoli ngibunikwa uZulu osemakaya nosezikwateni. Angibunikwa ilabo abapila zimali zabelungu namaNdiya. Yonke eyami imali ipuma kumuntu omnyama kusukela ku I.C.U. ngo 1925 mhla ngipuma eCrown Mines. NamaNdiya lawo kitina ayoza ahlanganenati wona ayeke ukukphlisana nalabo esengike ngababiza amagama.

Ngoketo`lwe Native Representative Council ngolungenela futi ngeke nginake izinqumo zase Bloemfontein ezipuma kubantu abayize. Ngaya pambi kuka Kingi ngenhliziyo emhlope ngoba ngifuna ukuyobona oku bizelwę abantu bami engibaholayo ababhincayo nabagqokayo ukuze ngikulume iqiniso. Nangomuso ngokuya kuze kufike isikati lapa isizwe sakiti sesinawo amandhla okuti uma into siti ayiyekwe nempela iyekwe pansi Kunjalo nase mapasini. Nasekuteleleni ikanda. Nasekuhlalisweni ezinkopolo. Kanye nayo yonke imiteto yobandhlululo. Ngolinda abantu engibaholayo. Ngiyeke ukuzenza inhlekiso eziteni zami. Nampoke obami ubuholi Mhleli. Izinkulumo zesita azingenzi nginake. Nawe ngikupendula ngoba ngikuhlonipa ukuba bengingakuhlonipi bengizotula. NoMshiyeni ngampendula ngoba ngimhlonipa. No Mr.Campbell ngampendula ngoba ngimhlonipa. Obami ubuholi ngabutenga nge Gazi Nezinyembezi. Ligugu leli kimina Mhleli wami otandekayo.

